**Publication:** Isolezwe ngoMgqibelo - Main
**Title:** Uphenyo ngebhilidi lamaphoyisa eseliphenduke umhume wabaphangi
**Publish date:** 03 Aug 2024
**Page:** 8
**Reach:** 19259
**AVE:** R 18656.07
**Author:** Sabelo Nsele

# Uphenyo ngebhilidi lamaphoyisa eseliphenduke umhume wabaphangi

SABELO NSELE

KUZOPHENYWA ngebhilidi lamaphoyisa elathengwa ngo-R695 million eseliphenduke umhume wabaphangi emva kokuchithwa kukaR250 million kuzanywa ukulilungisa.

UNgqongqoshe woMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi, uMnuz Dean Macpherson, usejube uphenyo ngebhilidi lamaphoyisa iTelkom Towers, esePitoli.

Leli bhilidi lathengwa ngo-2016. Ngo-2017 kwavalwa izingxenye eziningi zesakhiwo emva kokuthi kutholakale ukuthi akuphephile. Kwabe sekuqala imizamo yokulungisa ibhilidi. Muva nje uMnyango weziSebenzi usanda kuyalela ukuthi livalwe ibhilidi ngenxa yokuthi aliphephile.

Ngesikhathi uMacpherson eyohlola ibhilidi, utshelwe ukuthi seliphenduke umhume wabaphangi.

Uphinde watshelwa ukuthi izigebengu zintshontshe impahla ebikuleli bhilidi, enye yacekelwa phansi.

UMacpherson uthe akwamukelekile ukuthi ibhilidi elathengwa ngemali eshisiwe liphenduke umhume wabaphangi ngale ndlela.

"Uhulumeni uyivumela kanjani into enje ukuba yenzeke? Kuyamangaza ukuthi kule minyaka eyisishiyagalombili leli bhilidi belingasetshenziswa ngokugcwele, laze laphenduka umhume wabaphangi."

UMacpherson uthe ufuna kuphenywe ukuthi sasikhona yini isidingo sokuthi uhulumeni athenge leli bhilidi kwasekuqaleni.

"Ngifuna ukwazi ukuthi yini eyadala ukuthi umnyango uthenge leli bhilidi, nokuthi ayikho yini enye indlela umnyango owawungenza ngayo. Asikwazi ukulahlekelwa izigidi zamaRandi sizama ukulungisa ibhilidi ngenxa nje yokwehluleka kwezikhulu zomnyango ukuhlela."

Uphenyo luzokwenziwa yinkampani ezimele, luzophothulwa ezinyangeni ezimbili.

Uphenyo luzobheka ukuthi ayikho yini indlela yokuthi izinkampani ezathola amathenda okulungisa ibhilidi zihlanziswe imali ezayithola.

"Kuzophenywa ukuthi yiluphi uhlelo olwalandelwayo ngesikhathi kuqokwa izinkampani ezanikwa umsebenzi wokulungisa ibhilidi, kuphenywe nokuthi lezi nkampani zaziwulungele yini umsebenzi. Uphenyo luzositshela ukuthi ayikho yini indlela yokuthi izinkampani ezahluleka ukwenza umsebenzi ziphoqwe ukuthi zibuyise imali."

UMacpherson uthe uphenyo luzophinde lubatshele nokuthi azikho yini izinyathelo okufanele zithathelwe izikhulu zomnyango ezibandakanyeka ekuthengweni kwebhilidi.

"Sifuna ukuthi uphenyo lusitshele ukuthi yini okufanele yenziwe ngaleli bhilidi njengoba isimo sesinje."

UMacpherson uthe umnyango kufanele wenze isiqiniseko sokuthi imali yomphakathi ayimoshwa.

"Kufanele senze isiqiniseko sokuthi zonke izakhiwo ezithengwe ngezimali zomphakathi ziyasetshenziswa, siphinde senze isiqiniseko sokuthi siyazivikela, zingaphenduki imihume yabaphangi. Isimo sezimali sibi, ngakho asikwazi ukumosha izigidi zamaRandi ezintweni ebesingakwazi ukuzigwema."



www.meltwater.com/za | Cape Town: +27 21 838 5100 | Johannesburg: +27 11 028 2172 | Copyright © Meltwater News (Pty) Ltd.